

Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 03 Apr 2017
Page: 19

AVE: 34579.60
Circulation: 90724
Part: 1 of 1

# IThanda Royal ethubeni lokukhuphukela kwi-Absa

**MINENHLE MKHIZE**

Thanda Royal Zulu (0) 2
Santos (0) 0

IYAKHANYA indlela yeThanda Royal Zulu ebheke ku-Absa Premiership. Izolo Amabhubesi aqumbe phansi iSantos ngo 2-0 emdlalweni weNational First Division (NFD) obuseMhlathuze Sports Complex, eRichards Bay.

Amagoli akhanyise indlela yaMabhubesi abaselwe enethini nguBoikanyo Komane noMichael Gumede.

Ngemuva kwemidlalo engu-22 iThanda isiqoqe amaphuzu angu-47. Amabhubesi avule igebe lamaphuzu ayisishiyagalombili kuBlack Leopards ehlezi endaweni yesibili ku-log ngamaphuzu angu-39 ngemuva kwemidlalo engu-22.

Izolo bekungokwesishiyagalolunye inqoba ekhaya. EMhlathuze isiqoqe amaphuzu angu-29 kwangu-33 esiwabange ekhaya.

Kule nkundla isihlalelwe yimidlalo emine. Izodlala neLeopards, Magesi, Stellenbosch neFC Cape Town. Kule sizini mabili kuphela amaqembu asaphume namaphuzu kule nkundla. AmaZulu noMthatha Bucks yiwona asakwaze ukuthola iphuzu.

IThanda icacise zisuka ukuthi ifuna ukuhamba nawo amaphuzu njengoba kuyiyona ebibuza imibuzo odongeni lweSantos.

Ngaleso sikhathi bekubhoke uJabulani Ncobeni noKhotso Malepe abebenza izinto zenzeke.

Ibhola elihle ebelidlalwa yiThanda lifakazelwe yizingoma ebezishaywa ngabalandeli baMabhubesi okubalwa kuzona ethi "shaya Thanda, ushaye iSantos".



**UMQEQESHI weThanda Royal Zulu uRoger Sikhakhane onethuba lokuyikhuphulela ku-Absa Premiership**

Isithombe: BACKPAGEPIX

**ILOG YE-NATIONAL FIRST DIVISION**

| Amaqembu | P | W | D | L | F | A | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 22 | 13 | 8 | 1 | 40 | 17 | 47 |
| Leopards | 22 | 10 | 7 | 5 | 32 | 25 | 37 |
| Stellenbosch | 22 | 9 | 7 | 6 | 26 | 22 | 34 |
| Eagles | 22 | 9 | 6 | 7 | 44 | 32 | 33 |
| Mthatha | 22 | 7 | 12 | 3 | 33 | 27 | 33 |
| Witbank | 22 | 9 | 6 | 7 | 28 | 27 | 33 |
| AmaZulu | 22 | 9 | 5 | 8 | 33 | 28 | 32 |
| Cosmos | 21 | 8 | 6 | 7 | 23 | 21 | 30 |
| Pretoria | 22 | 8 | 5 | 9 | 27 | 35 | 29 |
| Kings | 22 | 7 | 7 | 8 | 30 | 27 | 28 |
| Mbombela | 22 | 7 | 7 | 8 | 26 | 23 | 28 |
| CPT All Stars | 21 | 5 | 9 | 7 | 17 | 22 | 24 |
| FC Cape | 22 | 5 | 9 | 8 | 27 | 35 | 24 |
| Milano | 22 | 6 | 2 | 14 | 25 | 43 | 20 |
| Magesi | 22 | 4 | 7 | 11 | 20 | 34 | 19 |
| Santos | 22 | 3 | 9 | 10 | 14 | 27 | 18 |

Abalandeli abazange baphoxe kwazise inkundla ibigcwele ithe phama nelanga lishisa bhe.

Unozinti weSantos uMark Blignaut usebenze kakhulu evimba amabhola ayingozi abethunyelwa nguPhilani Cele, Innocent Maele noNcobeni.

Kulo mdlalo kuyiwe ekhefini kungu 0-0 yize iThanda bekumele ngabe ihamba phambili ngembudlu yamagoli.

Izinguquko ezenziwe ngumqeqeshi weThanda uRoger Sikhakhane ngesiwombe sesibili zisebenzile. Ufake uGumede endaweni kaThabiso Nkoana kwathi uSduduzo Dlamini wathatha ekaPhilani Cele.

Imiphumela yeNFD: Thanda 2-0 Santos; FC Cape Town 1-2 Black Leopards; Witbank Spurs 4-0 University of Pretoria; Stellenbosch 1-2 AmaZulu; Mbombela 1-1 Mthatha Bucks; Real Kings 5-1 Milano United.

This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.